UMASIPALA WASENDUMENI

IMITHESHWANA EPHATHELENE NAMACALA, IZINHLAWULO NEZIKHALO

AMACALA NEZINHLAWULO

1. Noma ngumuphi umuntu:-

(a) Owephula noma owehluleka ukuthobela noma yisiphi isimiso esiqukethwe yinoma ngumuphi umtheshwana omenyezelwe ngokomthetho nguMkhandlu ngokulandela noma ngumuphi umthetho ofanele;

(b) Owehluleka ukuthobela noma ngumuphi umyalelo okhishwe ngokulandela noma ngumuphi umtheshwana omenyezelwe ngokomthetho nguMkhandlu;

(c) Ovimba noma othikameza noma yisiphi isiphathimandla esigunyaziwe ukwenza umsebenzi waso ngaphansi kwanoma ngumuphi umtheshwana omenyezelwe ngokomthetho nguMkhandlu;

(d) Owephula noma yisiphi isimiso esibekiwe mayelana nokuvumela noma yisiphi isicelo, imvume, igunya, ukuvumela, ukuthambisa noma amandla ngokulandela noma ngumuphi umtheshwana omenyezelwe ngokomthetho nguMkhandlu;

(e) Owehluleka ukuthobela imibandela yanoma yisiphi isaziso esikhishelwe yena ngokulandela noma ngumuphi umtheshwana omenyezelwe ngokomthetho nguMkhandlu;

(f) Onikeza imininingwane okungeyona noma eyinkohliso lapho efaka isicelo selayisense, semvume, segunya ngokulandela noma ngumuphi umtheshwana omenyezelwe ngokomthetho nguMkhandlu;

(g) Othatha ilayisense edingekayo ngokulandela noma ngumuphi umtheshwana omenyezelwe nguMkhandlu, nganoma yiliphi igama okungelona elakhe;

(h) Ozenza umuntu angesiye onelayisense ekhishwe ngokulandela noma ngumuphi umtheshwana omenyezelwe ngokomthetho nguMkhandlu;

(i) Okhwabanisa noma oguqula noma osebenzisa noma ovumela ngokungemthetho noma ngumuphi omunye umuntu ukusebenzisa ilayisense noma ikhophi yelayisense eqinisekisiwe ekhishwe ngokulandela noma ngumuphi umtheshwana omenyezelwe ngokomthetho nguMkhandlu;

uyobekwa icala futhi lapho egwetshwa uyokhokha inhlawulo engengaphezu kwenkulungwane yamarandi (R1 000) uma egwetshwa okokuqala, noma uma egwetshwa okwesibili noma ephinda egwetshwa ngecala elifanayo, inhlawulo engengaphezu kwezinkulungwane ezimbili zamarandi (R2 000) noma, uma ehluleka ukukhokha noma iyiphi inhlawulo ebekiwe nganoma yiliphi icala, uyoboshwa isikhathi esingengaphezu kwezinyanga ezintathu, nanoma yiliphi inani elibekwa yiNkantolo elilingana nanoma yiziphi izindleko noma incithakalo iNkantolo ethole ukuthi zidalwe nguMkhandlu ngenxa yalelo cala, kube sekutheni uma kuyicala eliqhubekayo inhlawulo ingabi ngaphezu kwamashumi amahlanu amarandini (R50) ngosuku, uma ukwephula umthetho kuqhubeka kunganqunywa inhlawulo, kodwa ayikho inhlawulo yokugwetshwa okukodwa noma kwenyanga okuyoba ngaphezu kwezinkulungwane ezimbili zamarandi (R2 000);

IZIKHALO

2. (1) Umuntu omalungelo akhe athintekile ngesinqumo esithathwe yinoma yisiphi isiphathimandla esigunyaziwe ngaphansi kwanoma ngumuphi umtheshwana omenyezelwe ngokomthetho nguMkhandlu ngokulandela umthetho ofanele, angafaka isikhalo ngesinqumo ngokufaka isaziso sesikhalo nezizathu zakho kuMphathi waMasipala ezinsukwini ezingama-21 kusuka osukwini azisiwe ngesinqumo;

(2) UMphathi waMasipala kufanele athumele ngokushesha umsingathi wezikhalo ofanele obalulwe esigatshaneni (4) lapha ngezansi;

(3) Umsingathi wezikhalo kufanele acubungule isikhalo, futhi asiqinisekise, asiphikise noma asichithe isinqumo, kodwa ukuphikiswa noma ukuchithwa kwesinqumo ngeke kwanyundela noma yimaphi amalungelo avele ngenxa yesinqumo;

(4) Uma isikhalo siphikisa isinqumo esithathwe:-

(a) Ngumsebenzi ongeyena uMphathi waMasipala, uMphathi waMasipala nguyena uMsingathi wezikhalo; noma

(b) UMphathi waMasipala, uMlawuli omkhulu/ iMeya yiyona uMsingathi wezikhalo.

(5) Umsingathi wezikhalo kufanele aqale futhi athathe isinqumo ngesikhalo ezinsukwini ezingama-45 kusuka osukwini lokuthola isikhalo bese azisa ofake isikhalo ngesinqumo ngaso lesi sikhathi esibekiwe.